# IBIKA

Lencwadi ilotshelwe ukuba wonke umuntu oyifundayo azi ukuthi uJesu Kristu usaSindisa futhi aPhulukise abantu.

Kuyinkolelo yami ukuthi Uzobonakala masinya futhi.

Lencwadi ikhombisa ukuthi Wamkhetha kanjani umfana oyimpofana futhi wambizela entshumayelweni yakhe, ukuthi umfana waMbalekela kanjani okwesikhashana wase-ke eguqukela kuYe ngenhliziyo yakhe yonke.

# UMKHULEKO

O Baba eZulwini, ngiyacela busisa wonke umuntu ofunda lencwadi.

Bazise ukuthi Uzobiza iBandla elinamandla masinyane, esingakaze siwabone.

Sisakholwa nguWe.

Dala ukulangazelela enhliziyweni yomuntu wonke futhi, O Wena oLungileyo, siza inceku yakho ethobileyo ukuba iqhube umlayezo waKho.

Ngiyazi wangifihla emihlangeni, njengoba Wena wenza kuMose ngenhloso ethile.

Ngakho Baba, ngisize ukuba ngikhazimulise igama lakho, lokhu ngikucela egameni likaJesu.

Ameni.

# UJesu Kristu OnguYe Izolo, Namuhla naPhakade

Ngazalelwa e Cumberland County, e Kentucky, endlwaneni encane yezingodo. Ubaba wami benomama bashada besebancane futhi ngangingumntwana wokuqala. Ngitshelwe ngumama ukuthi ngisenezinyanga cishe eziyisithupha kuphela ubudala, nobaba wayengekho ekhaya, sasivinjwe yiqhwa ezintabeni izinsuku eziningi. Sasingenakudla nomama wayeyilokhu encipha ngaso sonke isikhathi. Ekugcineni wacabanga ukuthi ukuphela kwase kufikile. Uthi waqoqa zonke izingubo zethu nezingubo zokulala wangithatha ngezingalo zakhe wasisonga ngazo zonke ukuze sihlale sifudumele ngempela.

Mfundi othandekayo, ngikholwa ngukuthi lokho kwakuyoba ukuphela ukuba uMhlengi wethu othandekayo wayengavelanga ngalesosikhathi. Kodwa uhlala njalo eseduzane futhi uqhamuka ngesikhathi esifanele. Wakhuluma kumakhelwane othandekayo omdala onhliziyo yakhe ingcwele wamtshela ukuba eze azobona ukuthi yingani bekuyilokhu kungabonakali-ntuthu ephuma kushimula wakithi ezinsukwini ezimbalwa ezedlule. Lapho esefika ebhodloza engena endlwaneni yezingodo wafica umama nami sesifile yindlala. Wathola izinkuni wabasa umlilo. Wayesebuyela endlwaneni yakhe yezingodo ukuba asitholele ukudla. Ngokushesha saqala ukuthola amandla nempilo futhi. Alidunyiswe igama laKhe ngalokho.

Emva nje kwalokho salishiya izwe lase Kentucky sasuka saya e Indiana. Ubaba wahamba wayosebenzela umlimi eduze kwase Utica, e Indiana. Sahlala lapho cishe unyaka owodwa sasesisuka siqhubekela ezansi esigodini sase Ohio. Kwedlula iminyaka eminingi futhi ngase ngikhulile ngangena ezingeni lokuba ngumfana impela ngenkathi uNkulunkulu ekhuluma nami.

Ngangihamba ngokunye ukuhlwa ngiyothatha amanzi exhibeni ngiwase endlini, okwakuyibanga elingaba yindlu eyodwa ukusuka endlini. Cishe phakathi-naphakathi phakathi kwendlu nexhiba kwakumi isihlahla esidala sikabhabhulini. Ngangisandakufika nje ekhaya ngivela esikoleni ngalokho kuhlwa nabanye abafana abangomakhelwane babephuma beya echibini elidala beyodoba ngangikhalela ukuhamba kodwa ubaba wathi kufanele ngithuthezele amanzi. Ngangime phansi kwesihlahla ukuba ngiphumule lapho okwathi khona-manjalo ngezwa umoya uphephetha amaqabunga. Ngangazi ukuthi wawungaphephethi kwenye indawo. Kwakubonakala kuyintambama ecwathile impela. Ngahlehla esihlahleni ngaqaphela ukuthi indawo ethi ayibe ngangomphongolo yayibonakala sengathi iphephetha idabula emaqabungeni esihlahla. Kwase kuthi lapho kwavela izwi lithi: "Ungalokothi uphuze, ubheme, noma ungcolise umzimba wakho noma ngayiphi indlela, ngoba nginomsebenzi wakho ozowenza uma usukhulile."

Kwangesabisa ngangokuthi ngaze, ngagijima ngaya ekhaya kodwa angitshelanga muntu ngakho. Angizange ngilokothe ngiphuze noma ngibheme. Ngikholwa ngukuthi uNkulunkulu uzokwenza umsebenzi omkhulu ezinsukwini zokugcina.

Lapho sengikhule ngokwanele ukuhambisana nentsha, babengigcona futhi bathi ngangiyisitabane ngokungabhemi noma ukuphuza. Babethi ngisho namantombazane ayabhema futhi ayenesibindi kakhulu kunesami. Ngaba namahloni-ke ukubatshela ukuthi yini eyayenzeke empilweni yami. Kodwa, bangane abathandekayo, ngempela ngithola inkazimulo ekutsheleni umhlaba ngakho namuhla. Haleluya!

Cishe sengineshumi nane leminyaka ubudala ngalimala kabi ngenkathi ngizingela. Ngahlala izinyanga eziyisikhombisa esibhedlela. UNkulunkulu wangisebenza kodwa anginakanga. Ubizo lwaluya ngokuya luba liqiniso kimi. Kodwa ngokungakhuleli ekhaya lamaKristu ngazama ukuluzabalazela. Izikhathi eziningi ngangilizwa lelozwi elincane elihashazayo lingibiza, kodwa ngangilixosha. Ngaze ngafika lapho engangingasakwazi ngisho ukukumela ukuzwa kuphathwa isonto.

Ngelinye ilanga ngase nginqume ukuthi sengiyitholile indlela yokuxosha lolobizo. Ngangihamba ngibheke entshonalanga ukuba ngiyosebenza epulazini elikhulu. Mngane, uNkulunkulu mkhulu kude lapho njengoba enjalo noma kuyiphi indawo. Sengathi ungasizakala ngolwazi lwami. Uma Ekubiza Mphendule.

Ngomunye uSeptemba ekuseni ngonyaka ka 1927, ngatshela umama ukuthi ngangithatha uhambo lokuyoshaywa ngumoya ehlane e Tunnel Mill, okungamamayela alishumi nane ukusuka e Jeffersonville lapho esasihlala khona ngalesosikhathi. Ngase ngivele ngilungise uhambo oluya e Arizona nabanye abangane. Ngenkathi umama esezwa kimi futhi, ukuthi ngangingekho e Tunnel Mill kodwa e Phoenix, e Arizona, ngibalekela uNkulunkulu woThando. Impilo yasepulazini elikhulu yayiyinhle kakhulu okwesikhashana, kodwa yasheshe yaguga, njenganoma yiyiphi enye injabulo yezwe. Kodwa mangisho lapha, akaBongwe uNkulunkulu, ukuthi ulwazi ngoJesu lukhula ngokuba mnandi kamnandi sonke isikhathi futhi alugugi. UJesu unikana ukuthula okuphelele nenduduzo njalo.

Isikhathi esiningi bengiyilokhu ngikuzwa ukuvunguza komoya kumaphayini amade. Kwakubonakala sengathi nokho ngiyalizwa izwi laKhe limemeza kude phandle ehlathini, lithi, "Adamu, ukuphi na?" Izinkanyezi zazibonakala sengathi ziseduzane kakhulu sengathi ungazicosha ngezandla zakho. UNkulunkulu kwakubonakala sengathi useduzane kakhulu.

Into eyodwa ebonakala sengathi isemqoka kakhulu kimi nokho ngalelozwe yimigwaqo esogwadule. Uma uke wachezuka emgwaqeni, ulahleka kalula kabi. Kaningi izivakashi zibona izimbali ezincane zasogwadule bese zichezuka emgwaqeni omkhulu ukuba zizikhe. Ziyaduka ogwadule zilahleke futhi kwezinye izikhathi zibulawe ukoma. Kunjalo nasendleleni yobuKristu—uNkulunkulu unomgwaqo omkhulu. Ukhuluma ngawo ku Isaya, 35 isahluko. Ubizwa nge "Ndlela yobuNgcwele." Izikhathi eziningi izinjabulo ezincane zezwe ziyakudonsa zikuchezukise emgwaqeni omkhulu. Khona-ke ulahlekelwe ulwazi lwakho noNkulunkulu. Ogwadule uma ulahlekile, lapho ngezinye izikhathi kuyaye kubonakale utalagu.

Kubantu ababulawa ngukoma, utalagu luba ngumfula kumbe ichweba. Kaningi abantu bagijimela kukho futhi bawele kukho bathole ukuthi kanti bahlamba esihlabathini esishisayo. Kwesinye isikhathi uDeveli ukutshengisa into athi iyisikhathi esihle. Lokho wutalagu nje, kuyinto okungesiyona eyangempela. Uma ulalela uyozithola kuphela unqwabela izinsizi phezu kwekhanda lakho. Ungamnaki, mfundi othandekayo. Kholwa nguJesu onikeza amanzi aphilayo kulabo abalambayo nabomile.

Ngelinye ilanga ngathola incwadi evela ekhaya ingitshela ukuthi omunye wabafowethu wayegula kakhulu.

Kwakungu Edward, ongelamayo. Cha ngacabanga ukuthi akukubi kangako ngakho ngangikholwa ngukuthi uyoba ngcono. Kodwa ngokunye ukuhlwa ezinsukwini ezimbalwa kamuva ngenkathi ngivela edolobheni ngisedlula endlini yokudlela epulazini elikhulu ngabona iphepha phezu kwetafula. Ngalicosha. Lalifundeka kanje, "Bill, phuma uye edlelweni elingasenyakatho. Kusemqoka kakhulu." Emva kokuba sengilifundile inothi umngane nami saphuma saya edlelweni. Umuntu wokuqala engahlangana naye kwakungumqaphi oyi Lone Star endala owayesebenza epulazini elikhulu. Igama lakhe kwakungu Durfy, kodwa sasimbiza ngo "Pop." Wayenobuso obukhombisa ukudabuka lapho ethi, "Billie mfana, ngikuphathele izindaba ezibuhlungu." Ngalesosikhathi kwafika imfolomane yenyuka. Bangitshela ukuthi bekusanda kufika itelegilamu ikhuluma ngokufa komfowethu.

Mngane othandekayo, kwake kwaba yisikhashana nginganyakazi. Kwakungukufa kokuqala emndenini wakithi. Kodwa ngifuna ukusho ukuthi into yokuqala engacabanga ngayo ukuthi kazi wayekulungele yini ukufa. Ngathi uma ngiphenduka ngijika ngibuka phesheya kwenkangala ephuzi, izinyembezi zehla ezihlathini zami. Ngikhumbula nje ukuthi sasishukashukeka kanjani lapho sisengabafana abancane nanokuthi kwakunzima kangakanani kithi.

Sasiya esikoleni singenakho esingakudla sanele. Izinzwane ziphumele ngaphandle ezicathulweni zethu futhi sasigqoka amajazi amadala afaswe entanyeni ngoba sasingagqoke mayembe.

Ngakhumbula kanjani futhi ngelinye ilanga uMama wayenommbila ogazingwe waqhuma ebhakedeni elincane okwakuyilantshi yethu. Sasingadli nezinye izingane. Sasingakwazi ukuthola ukudla njengoba zazinakho zona. Sasihlala njalo sithi nyelele siyosithela egqumeni sidle. Ngiyakhumbula ngalolosuku esasinommbila ogazingwe waqhuma sasicabanga ukuthi kwakuyidili langempela. Ngakho ukuze ngiqiniseke ukuthi ngithola isabelo sami sawo ngaphuma phambi kwasemini, ngacaphuna kamnandi kwagcwala isandla umfowethu engakasitholi esakhe isabelo.

Ngimi lapho ngibuka ilanga ligazinge leyonkangala ngacabanga ngazo zonke lezozinto futhi ngizibuza ukuthi ngabe uNkulunkulu umthathe wamusa endaweni engcono yini. Waphinda futhi uNkulunkulu wangibiza, kodwa njengokwejwayelekile ngazama ukulwa nakho ngikususe.

Ngazilungiselela ukubuya ngiye ekhaya ngiye emncwabeni. Ngenkathi uMfu. McKinny weBandla i Port Fulton, indoda esifana nobaba kimi, washumayela emncwabeni wakhe waphatha ukuthi "Bangahle babekhona lapha abangamazi uNkulunkulu, uma kunjalo, mbheke manje."

O ngankonkoshela esihlalweni sami, uNkulunkulu wayesebenza futhi. Mfundi othandekayo, uma ekubiza, sabela.

Angisoze ngakhohlwa ukuthi uBaba noMama abampofu abadala bakhala kanjani emva komncwabo. Ngangifuna ukubuyela emuva eNtshonalanga kodwa umama wangincenga kakhulu impela ukuba ngihlale ngaze ngathi ekugcineni ngavuma ukuhlala uma ngingathola umsebenzi. Ngasheshe ngawuthola umsebenzi eNkampanini yezoMsebenzi woMphakathi yase Indiana, lapho engiqashwe khona manje.

Cishe emva kweminyaka emibili ngenkathi ngihlola amamitha esitolo samamitha e Gas Works e New Albany ngaxhilwa yigesi futhi yangigulisa amaviki. Ngaya kubo bonke odokotela engangibazi. Angibutholanga ubungcono. Ngangiphethwe yisilungulela, esasibangwa yimiphumela yegesi. Sasilokhu siya ngokuba kubi

kakhulu sonke isikhathi. Ngasiwa kwabasiphasele isifo e Louisville, e Ky. Bathi ekugcineni kwakuyi aphendiksi yami futhi bathi kufanele ngihlinzwe. Angikukholwanga, ngoba ngangingakaze ngibuzwe ubuhlungu obusohlangothini lwami. Odokotela bathi alukho olunye abangangenzela lona ngize ngihlinzwe. Ekugcineni ngavuma ukuba bakwenze kodwa ngagcizelela ukuthi basebenzise isidikizisamizwa sakhona lapha ukuze ngibhekisise ukuhlinzwa.

O, ngangifuna umuntu ozoma eduze kwami owazi uNkulunkulu. Ngangikholelwa emkhulekweni kodwa ngingakhuleki. Ngakho umfundisi weBandla iFirst Baptisti wahamba nami saya ekamelweni lokuhlinzela.

Lapho sebengisusa etafuleni bengisa embhedeni wami ngazizwa ngiya ngokuya ngiphela amandla ngiphela amandla sonke isikhathi. Inhliziyo yami yayishaya kancane. Ngezwa ukuFa kuphezu kwami. Ukuphefumula kwami kwakuya ngokuba kufishane ngasosonke isikhathi. Ngangazi ukuthi ngase ngifike ekupheleni kwendlela yami. O mngane linda uze ufike lapho kanye lapho uyocabanga ngezinto eziningi ozenzileyo. Ngangazi ukuthi ngangingakaze ngibheme, ngiphuze kumbe ngibe nanoma yimiphi imikhuba engcolileyo kodwa ngangazi ukuthi ngangingakakulungiseleli ukuhlangabezana noNkulunkulu wami.

Mngane wami, uma useyilunga eliqandayo eligcina umthetho wesonto nje kuphela uyokwazi uma usufika ekugcineni ukuthi awuzilungiselele. Ngakho uma kuyilokho kuphela okwaziyo ngoNkulunkulu wami, ngiyakucela khona lapha ukuba uguqe phansi ngamadolo akho bese ucela uJesu ukuba akunike lololwazi lokuZalwa ngokusha, njengalolo Alutshela u Nikodemu ku Johane, isahluko 3, futhi o izinsimbi zokujabula ziyokhala kamnandi — Alidunyiswe iGama laKhe.

Kwaqala ngokuya kukhula ukuba mnyama endlini yasesibhedlela kwaba sengathi kwakuyihlathi elikhulu. . . Ngangiwuzwa umoya uvunguza emaqabungeni, nokho kwabonakala sengathi yindlela

enkulu eze yayoshona ehlathini. Mhlampe sewake wakuzwa ukuphafuka kokuvunguza komoya emaqabungeni, kuza kusondela kusondela kuwe.

Ngacabanga, "Awu, ukufa lokhu kuzongithatha." O! Umphefumulo wami wawuzohlangabezana noNkulunkulu, ngazama ukukhuleka kodwa angikwazanga.

Wawulokhu usondela umoya uza, uzwakala kakhulu kakhulu. Amaqabunga ekhwahlazela khona manjalo ngase ngihambile.

Kwase kubonakala sengathi-ke ngase ngibuyile futhi ngingumfanyana ongafake lutho onyaweni, ngimi kulowomgwaqana ongumhubhe ngaphansi kwaso lesosihlahla. Ngalizwa lelozwi elifanayo elathi, "Ungalokothi uphuze noma ubheme." Namaqabunga engawezwayo ayefana nalawo ayevunguza kulesosihlahla ngalolosuku.

Kodwa ngalesisikhathi izwi lathi, "Ngakubiza kepha awuthandanga ukuhamba." Laze laphinda ka 3.

Ngase ngithi, "Nkosi, uma kunguwe lowo, ngivumele ngibuyele emhlabeni futhi futhi ngiyoshumayela iVangeli lakho kusukela ophahleni lwezindlu nasemakhoneni emigwaqo. Ngiyotshela wonke umuntu ngalo!"

Ngenkathi lombono usuwedlulile, ngathola ukuthi angikaze ngizwe ubungcono. Udokotela wami wayelokhu ekhona endlini. Wafika wangibuka futhi wamangala. Wabuka sengathi wayecabanga ukuthi ngabe sengifile, wayesethi, "Angisuye umuntu ohamba isonto, umsebenzi wami wobudokotela mkhulu kakhulu, kodwa ngiyazi uNkulunkulu umhambele lomfana." Ukuthi wayekusho ngani lokho, angazi. Akukho muntu owayesho utho ngakho. Ukuba ngaNgazile ngaleyonkathi lokho engikwaziyo manje, ngangiyovuka kulowombhede ngimemeza uMalibongwe iGama laKhe.

Emva kwezinsuku ezimbalwa ngavunyelwa ukubuyela ekhaya kodwa ngangisalokhu ngigula futhi ngaphoqeleka ukuba ngifake izibuko emehlweni ami ngenxa yokungemi kahle kweso. Ikhanda lami lalidikiza uma ngibuke noma yini isikhashana.

Ngaqala ngaphuma ukuyofuna nokuthola uNkulunkulu. Ngahamba ibandla ngebandla ngizama ukuthola indawo ethile lapho okwakukhona khona ukubizelwa e altare okuyimfashini endala. Ingxenye edabukisayo ngukuthi angitholanga nelilodwa. Ngathi uma ngike ngaba ngumKristu, ngiyoba nguye ngempela. Umfundisi owangizwa ngiphawula wathi, "Manje Billy mfana, uzochezukela ekuziLahleni." Ngathi uma ngiyoke ngithole inkolo engangifuna ukuyizwa uma ifike njengoba kwenza abafundi.

O alibongwe igama laKhe. Ngathola inkolo kamuva futhi ngisenayo, futhi ngosizo lwakhe ngiyohlala njalo ngiyigcina.

Ngobunye ubusuku ngamlambela kakhulu uNkulunkulu futhi nalokho engakuzwayo lapho ngiphumela eshedeni elidala ngemuva kwendlu futhi ngazama ukukhuleka. Ngangingakwazi ukukhuleka kanjalo-ke ngavele ngaqala ukukhuluma naYe kanjengoba ngingakhuluma noma nobani omunye. Khona-manjalo kwafika ukukhanya eshedeni futhi kwenza isiphambano nezwi elivela esiphambanweni lakhuluma nami ngolimi engingaluqondanga. Lase lisuka lihamba. Ngashaqeka. Sekubuye umqondo kimi, futhi ngakhuleka, "Nkosi uma lowo kunguwe, ngiyacela buya ukhulume nami futhi." Ngangikade ngifunda iBhayibheli lami kusukela kade ngisekhaya ngiphuma esibhedlela futhi ngangikade ngifunda ku Johane 4, "Bathandekayo maningakholwa yibo bonke omoya, kepha bahloleni ukuthi bangabakaNkulunkulu yini."

Ngangazi ukuthi umoya wabekade ubonakele kimi futhi ngisakhuleka wabonakala futhi. Kwase kuzwakala kimi sengathi bekukhona inkulungwane yamaphawondi iphakama emphefumulweni wami. Ngagxuma ngaya phezulu ngagijima ngaya endlini futhi kwakusengathi ngangigijima phezulu emoyeni.

Umama wabuza, "Bill, kwenzekeni kuwe na?" Ngaphendula, "Angazi kodwa impela ngizizwa ngikahle futhi ngilula." Angibange ngisahlala endlini isikhathi eside. Ngaphuma ngahlaba ngejubane.

Ngazi-ke lapho ukuthi uma uNkulunkulu efuna ngishumayele uzongiphilisa, ngakho ngahamba ngaya ebandleni elalikholelwa

ekugcobeni ngamafutha futhi ngaphiliswa khona-manjalo. Ngabona-ke ukuthi abafundi babenento iningi labefundisi elingenayo namuhla. Abafundi babhaphathizwa ngoMoya oNgcwele futhi ngakho babephulukisa abagulayo futhi benza nezimangaliso ezinkulu ngegama laKhe. Ngakho ngaqala ukukhulekela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele futhi ngawuthola.

Ngelinye ilanga cishe ezinyangeni eziyisithupha kamuva, uNkulunkulu wanginika isifiso senhliziyo yami. Wakhuluma nami ekukhanyeni okukhulu engitshela ukuba ngihambe ngiyoshumayela nokukhulekela abagulayo futhi Wayebaphilisa kungakhathaleki ukuthi nhloboni yesifo ababenayo. Ngaqala ukushumayela futhi ngenza lokho Angitshele ukuba ngikwenze. O mngane, ngingeke ngaqala ukukutshela ukuthi konke kwenzeke kanjani: Amehlo ayephuphuthekile avuleka. Izinyonga zahamba, abemidlavuza baphilisiwe nazo zonke izinhlobo zezimangaliso zenziwe.

Ngelinye ilanga ekuqaleni kwe Spring Street, e Jeffersonville, e Indiana, emva kwemvuselelo yamaviki amabili, ngangibhaphathiza abantu abayi 130. KwakuluSuku olushisayo luka Agasti futhi kwakukhona cishe abantu abayizinkulungwane ezintathu ababekhona. Ngase ngizobhaphathiza umuntu we 17 lapho okwathi khona-manjalo ngakuzwa lokho kuhashaza, izwi elincane futhi futhi lathi, "Buka phezulu." Isibhakabhaka sasinjengethusi ngalolosuku luka Agasti olushisayo. Sasingenamvula cishe amaviki amathathu. Ngalizwa izwi futhi, kwathi-ke futhi ngokwesithathu lathi, "Buka phezulu."

Ngabuka phezulu futhi kwavela esibhakabhakeni inkanyezi enkulu ekhazimulayo engangike ngayibona izikhathi eziningi ngaphambilini kodwa engingakaze nginitshele ngayo. Izikhathi eziningi bengibatshela abantu ngakho kubonakala futhi kuphela bangihleke bese bethi, "Bill, uyazicabangela nje lokho. Kumbe mhlawumbe ubuphupha." Kodwa akabongwe uNkulunkulu, ngalesisikhathi Wayezibonakalise yena uqobo lwaKhe kubobonke, ngoba kwasondela kakhulu kimi angikwazanga ngisho nokukhuluma. Emva

kokuba sekwedlule imizuzwana embalwa, ngadazuluka nabantu abaningi babuka phezulu base beyibona inkanyezi ingaphezulu nje kwami. Abanye baquleka ngenkathi abanye bememeza nabanye bebaleka. Yase ibuyela emuva-ke inkanyezi esibhakabhakeni, nendawo eyayikade isuke kuyo yayithi ayibe yisikwele esingamafidi alishumi nesihlanu, nalendawo yayilokhu inyakaza futhi iqubuka kumbe kube sengathi kwakugubha amagagasi. Kwakubumbeke kulendawo ifu elincane elimhlophe, nenkanyezi yemukelwa phezulu kulelifu elincane.

Mfundi othandekayo, ukuba nje bengingaba nendawo kulencwadi ukuba nginitshele ngezinto eziningi ezenzekileyo, zokuthi i tabernakele lethu lakhiwa kanjani, neziningi zezimvuselelo ezinamandla esake saba nazo. Abantu bafike bevela kude naseduzane ukuzophulukiswa. Kodwa ngizoyenza ibencane lencwadi ngokulingene ukuze ithengise ngentengo ephansi futhi ifinyelele kubo bonke. Lezizinto zingezokukwazisa ukuthi uJesu Kristu uselokhu enguye njengoba ubenjalo izolo nanamuhla futhi uyoba njalo kuze kube phakade, futhi ukuze umkholwe usindiswe. Uma ungaphumelela, noma yinini izimvuselelo zethu ziseduze kwakho, siza uzethamele.

# IZIMFAKAZO

Manje emakhasini alandelayo uthola ubufakazi baBantu qobo lwabo babambalwa abaphilisiweyo phakathi kwezinye zezinkonzo zethu.

---

Ngangisesibhedlela e New Albany, e Ind. ngenkathi ngizwa ngoMfo. Branham. Ngangikade ngishaywe yimoto. Ngokuphathekayo zonke izimbambo zami zazephukile. Umhlandla wami wawubhonyukile. Ngase ngiyisiguli esingasenathemba, ngokosizo lokwelashwa ngemithi.

UMfo. Branham wangikhulekela, futhi khona-manjalo izimbambo zami zabuyela endaweni yazo, nomhlandla wami futhi. Udokotela akakuqondanga. Ngasukuma, ngagqoka izingubo zami, ngaya ekhaya, ngase ngiya emsebenzini.

Akabongwe uNkulunkulu ngaMandla aKhe aPhilisayo.

William H. Merill, 1034 Clark St., New Albany, Ind.

---

Ngangikade ngiyisishosha iminyaka eminingi. Sekuyisikhathi ngafofobala embhedeni. Izitho zami zazishwabene ngakho ngangingakwazi ukuhamba. Udokotela wathi angeke ngisaphinde ngihambe. Ngezwa ngoMfo. Branham nokuthi uNkulunkulu wayeyiphendula kanjani imikhuleko yakhe. Ngakho ngambiza. Yena nenye insizwa ethiwa, ngu DeArk, bafika bangikhulekela. Masinyane izitho zami zaphila. Ngakwazi ukuhamba. Ngisahamba. Sekuyiminyaka e 4 eyedlula kwenzekile.

Ngiyamdumisa uNkulunkulu ngaMandla akhe aMangalisayo.

Nkk. Mary Der Ohanion, 2223 E. Oak St., New Albany, Ind.

---

KuLowo Eqondene Naye.

Ngase ngiyisishosha isikhathi impela. Izitho zami zazephukile futhi ngangingasophinde ngikwazi ukuhamba futhi. Ngokwesitatimende sika Dr. Undodana wami wangiqhuba wangisa emhlanganweni kaMfo. Bill, ngenqola yami yabakhubazekile. Ngalobobusuku ngabona indoda ihamba okwase kuyiminyaka eyi 18 ingahambi. Ngabona futhi indoda ivuleka amehlo yahamba yaphuma enkonzweni ngaphandle kokusizwa. Yayikade iyimpumputhe iminyaka engama 40 nabanye abaningi, izishosha nayoyonke inhlobo yesifo baphulukiswa ngalobobusuku. Ngakho lapho sekufike isikhathi sami ukuba ngikhulekelwe, ngaba nokukholwa ukukholwa nguJesu, ukuthi wayenguye izolo, namhlanje, naphakade. UMfo. Bill wangikhulekela, wangibamba ngesandla wayesethi, "Ngegama likaJesu — hamba."

Ngezwa amandla kaNkulunkulu efika phezu kwami. Izitho zami ezaziphume zaqonda ngaphambili kimi zama phansi ngase ngiqala ukuhamba, futhi ngidumisa uNkulunkulu, ngayishiya inqola yabakhubazekile yami endala futhi ngahamba ibanga lezindlu eziningi sengiya ekhaya.

Nkk. T. Hargrove, 149 Spring St., Jeffersonville, Indiana.

---

Ngase ngiyekelwe ukuba ngife eminyakeni emibili eyedlule nginomdlavuza. Ngangimazi iminyaka uMfo. Bill. Ngimazi engumuntu ozilungele futhi ngase ngike ngaya kweminingi imihlangano yakhe. UNkulunkulu embusisa futhi esebenza eziningi, eziningi izimangaliso ngaye. Ngambiza ukuba azongikhulekela. Umdlavuza wami wanyamalala.

Ngisajabule, ngidumisa ngibonga uNkulunkulu.

Nkk. L. Stinner, Missouri Ave., Jeffersonville, Indiana.

---

Ngase ngidelwe ngudokotela womndeni wethu, ukuthi ngizophila amahora ambalwa nje. Ngase ngigule cishe iminyaka e 3 nginomdlavuza.

Indoda egama layo ngu Wiseheart wangitshela ngoMfo. Bill. Bashayela amamayela angama 35 bedabula eqhweni nasemakhazeni ukuze bafike kimi. Ngesikhathi sebefike lapho abangane bami abaningi nezihlobo base bebuthene ndawonye ukuba bangibone okokugcina. Amadodakazi ami ayesethenge izingubo zami zethuna ukuba bangifake ngazo. Ngase ngicishe ukuquleka ngenkathi uMfo. Bill efika lapho. Wanxusa bonke abangakholwayo ukuba baphume endlini. Wase eguqa-ke wangikhulekela. Ngezwa amandla kaNkulunkulu phezu kwami ngenkathi ebeka isandla sakhe phezu kwesami, futhi khona-manjalo ngezwa ukuthi umdlavuza wami wawusuphelile.

Ngama ngezinyawo zami ngidumisa uNkulunkulu ngamandla akhe. Sekwedlule iminyaka e 4 futhi angikaze ngibe nawo umdlavuza kusukela lapho.

Akabongwe uNkulunkulu ngokuLunga kwaKhe.

Nkk. Sarah Hoyse, Middletown, Ind.

---

Ngangiyisishosha kwasekuzalweni. Ngangingakwazi ukuhamba noma ngisebenzise izandla zami nezingalo. Ngezwa lapho uMfo. Bill ayebambe khona inkonzo yokuphulukisa emangalisayo. Ngayethamela ngabona izinto ezimangalisayo zenziwa ngokukholwa egameni likaJesu nokubekwa kwezandla.

UMfo. Bill wangikhulekela, wase engibuka ngqo wayesethi, "EGameni likaJesu, hamba." Ngezwa amandla kaNkulunkulu efika emzimbeni wami. Ngalalela, futhi okokuqala empilweni ngaqala ukuhamba. Nganginama 35 eminyaka ubudala.

UNkulunkulu kulezizinsuku zokugcina wenza izinto ezimangalisayo.

Malibongwe igama laKhe phakade.

---

Intombazanyana yethu, uBetty, wayesegule izinyanga ezintathu. Sasinodokotela ababili abaziwayo basedolobheni, kodwa kwabonakala ukuthi, abakwazanga ukuthola imbangela. Futhi sasinabefundisi abaningi abaqhamile basedolobheni nabasezweni lonke ukuba bayikhulekele. Wayelokhu eya ngokuya isimo siba sibi kakhulu. Sabe sesithumela eJeffersonville, Ind., endodeni egama layo nguMf. Wm. Branham, onesiphiwo sokuphulukisa sikaNkulunkulu. UMfo. Bill, njengoba ebizwa kanjalo, wayesefika kithi njalo. Emva kwamahora okukhuleka, wangena wayesesitshela ukuthi iNkosi imbonise umbono wokuthi akenzeni mayelana noBetty wethu omncane. Wayeseyisikhumba nje namathambo futhi eqhaqhazela njalo sengathi wayenedumbe. UMfo. Bill wasicela ukuba sikholwe nguNkulunkulu futhi silalele lokho Athe akwenziwe. Emva kokuba esekhulekile futhi wabiza phezu kwakhe igama likaJesu, intombazanyana yethu yaphulukiswa ngokushesha. Lokho sekuyizinyanga eziwu 10 ezedlule. UBetty wethu omncane manje uphile saka futhi ukhuluphele kahle kakhulu. Ngiyokuthokozela ukubhalela noma ubani onombuzo ngokuphulukiswa kwakhe, nanoma yikuphi kokuphulukiswa okwenzeka ngenkathi kunemvuselelo eyayibanjwe uMfo. Branham lapha eSt. Louis ngo 1945.

Ukuphulukisa okwenzeka eMvuselelweni yaseSt. Louis kutholakala encwadini esihloko sithi "Umbono waseZulwini," ngu Mfo. Branham. Ifunde impela.

Mf. Robert Daugherty, 2009 Gano Ave. St. Louis, Mo.

---

KULOWO EQONDENE NAYE:

Ngase ngilale ngomhlane embhedeni iminyaka eyi 8 nezinyanga eziyi 9 ngineSifo soFuba nodokotela base bengidelile. Ngase ngisinda amaphawondi alapha ema 50 futhi kwase kubonakala ukuthi lonke ithemba lase liphelile. Kwase kuthi-ke eJeffersonville,

Ind., okungamamayela cishe angama 35 ukusuka ekhaya lethu, kwafika uMf. Wm. Branham, embonweni ayewubonile wewundlu libanjwe ehlane futhi lalikhala "Milltown" (Ngihlala lapho.) UMfo. Branham wayengakaze alubhade lapha kumbe azi noma ngubani ongowalapha. Engena, wangibeka izandla wayesekhuleka, ebiza phezu kwami igama leNkosi yethu ethandekayo uJesu. Kwezwakala sengathi kukhona okungibambayo futhi khona manjalo ngase ngivukile futhi ngibonga uNkulunkulu ngamandla aKhe okuphulukisa. Ngakwazi ukuphumela ngaphandle kungokokuqala kimi eminyakeni eyi 8, ngase ngibhaphathizwa emfuleni, egameni likaJesu Kristu. Manje sengingumshayi wopiyano ebandleni iBaptisti lapha. Kuningi kakhulu okunye okuhambisana nalokhu ukuphulukisa okukhulu. Anginayo indawo kulobubufakazi ukukubhala konke. Ngiyokujabulela ukubhala futhi ngikusho ngokugcwele kunoma ubani onothando ekuphulukisweni kwami.

Georgia Carter, Milltown, Indiana.

---

KULOWO EQONDENE NAYE:

Ngangikade ngihlinziwe futhi ngaba nomdlavuza obumbeka emthungweni. Ngase ngenze konke engazi ukukwenza ukuba ngibuye ngithole ukuba nempilo, kodwa kwehlulekeka. Umkami naye wayegula sase sizwa ngoMf. Branham nokuthi uNkulunkulu wayesebenza kanjani ngaye ekuphulukiseni abagulayo. Sahamba saya ekhaya lakhe ngelinye iSonto ntambama cishe ezinyangeni eziyisithupha ezedlule, futhi lapho sifika sathola abanye lapho beze ngenhloso efanayo, futhi bephulukiswa. Sase siba nengxoxo noMfo. Branham futhi sambuza ukuthi kukhona yini esingenzelwa khona. Samtshela ukuthi sabe singama Katolika kodwa wasitshela ukuthi ukuphulukisa kukaNkulunkulu kwabe kungokomuntu wonke ozothi akholwe. Wasilandisa ukuba silalelisise ngenenekazi elabe lingumKatolika elalivuleke amehlo ngoba lalicele uNkulunkulu

ukuba alisize, futhi manje seliyakwazi ukufunda umbhalo omncane. Lalikade lingaboni ngangoba laliholwa uma liya endlini yakhe. Sasesikhulekelwa-ke mina nomkami futhi saphulukiswa sobabili. Umdlavuza wami washabalala! Manje sijabule kakhulu futhi siphilile futhi njalo ekuseni ngivuka embhedeni ngithandaze amahora ama 3 ngithandazela uMfo. Branham nomsebenzi wakhe kaNkulunkulu. Nginebhizinisi kagesi lapha edolobheni futhi njalo ngeSonto ekuseni siya emiseni lasekuseni kakhulu bese siphuthuma ngaphesheya eTabernakele likaBranham. Futhi siyaya ezinkonzweni zakusihlwa nasenkonzweni yomkhuleko yangolwesiThathu ebusuku. Sinesikhathi esimangalisayo futhi kusengathi siphila ezweni elisha. Ngiyokuthokozela ukuphendula noma yiyiphi incwadi edinga ulwazi ekuphulukisweni kwami.

Louis H. Head, 417 Garnet Court, Louisville, KY.

---

Ngifuna ukwengeza ubufakazi bami ngodumo lukaNkulunkulu maqondana nokuphulukisa kukaNkulunkulu. Ngoba cishe iminyaka emithathu ngangihlushwa utwayi, olwaluyilokhu lwanda futhi lukhula luba lubi, kwaze kwathi ezandleni zami ngemuva nasemachosheni ezinyawo zami kwase kulukhwekhwe oluqinile. Zase zivuvukele kabi futhi zibuhlungu kakhulu. Ngo Apreli 11, 1945, uMfo. Branham wangigcoba wayesengibeka izandla ekhuleka, kodwa esikhundleni sokubangcono, ngaqhubeka ngiba mubi kakhulu, futhi njengoba ngangikade ngisebenzisa umuthi wokugcoba ezilondeni ezandleni zami nasezinyaweni, ngacabanga ukuthi mhlawumbe yikho okwakuyisizathu sokuba ngingaphulukiswa. Ngakho nganquma ukuba ngiyeke ukusebenzisa yonke imithi ngase ngilushiyela eNkosini lonke udaba lwami. NgoJuni 10, uMfo. Branham noMfo. Seward bangikhulekela futhi neNkosi yangiphulukisa, Alibongwe igama laKhe elingcwele! Ngaphambilini uMfo. Branham wayengigcobele izindawo ezigobayo ezazingasenamandla. Izinyawo zami zazithunukala kangangoba kwakubuhlungu kakhulu kimi ukuba

ngihambe. Kodwa selokhu ngagcotshwa, izinyawo zami zaqina, futhi namhlanje sengiyakwazi ukuhamba ibanga elide sebehlile ubuhlungu bonyawo kunangenkathi lapho kwakuyisikwele esisodwa ngaphambi kokugcotshwa. Futhi ngifisa ukwengeza ukuthi lokhu akusilona ulwazi lwami lokuqala mayelana nokuphulukisa kukaNkulunkulu. Emashumini amabili-nanye eminyaka eyedlulayo, ngaya enkonzweni eyabe iphethwe nguMf. C.H. Erickson eColumbus, Ind. Abanye baphulukiswa ezifweni eziningi futhi nje ngoba ngangikade ngiphethwe yisifo esibi somkhuhlane wamakhala nomphimbo isikhathi eside futhi kuneqhubu esweni lami langakwesokudla laze lathi alimboze ukubona kwami (futhi laliyongivala ngesikhathi), mina, futhi, ngacela iNkosi ukuba ingiphilise futhi Yakwenza. Angizange futhi ngiphinde ngihlushwe kumbe yilesisifo. Ngemukela lesisibusiso ngihlezi esihlalweni sami, ngoba ngangingayicelanga imikhuleko kaMf. Erickson. Ngizibonele ukuphulukisa futhi ngezwa ngafunda izimfakazo zabanye. Cishe eminyakeni emibili eyedlula ngedlula umuzi eduze kwaseProspect, eKy. Encane, ingane egulayo yayilele embhedeni owendlalwe ngotshani ebaleni nonina wangitshela ukuthi kwase kwedlule ezinyangeni ezine ubudala futhi kwakulokhu kugule yonke impilo yakho emfishane. Kwase kuzace kakhulu futhi kungakwazi ukudla ngaphandle kokukhaliswa ubuhlungu. NgeSonto elilandelayo ngatshela uMfo. Branham ngomntwana. Yena nebandla bayikhulekela ingane, futhi emavikini ambalwa kamuva ngaphinda futhi ngedlula kulomuzi ngase ngibuza ngengane. Kwakwelulama futhi kuba nesisindo. Ngangena ukuyokubona, futhi kwase kudla futhi kukujabulela ngempela. Kulotshiwe ukuthi uBaba wethu osezulwini unikeze indodana yaKhe uJesu Kristu, onke amandla ezulwini nasemhlabeni, futhi uYinikeze igama elingaphezu kwamagama inke, noPetru wathi kwakungegama laYo, ngokukholwa egameni laYo, ukuba umuntu oyisishosha aphulukiswe eSangweni leThempeli. Kukulelogama elifanayo elihle kakhulu ukuthi lezizinto eziyizimanga ziyenziwa namhlanje. Futhi uma siphulukiswa ngomkhuleko wokukholwa, lesi akusona kuphela isibusiso esisemukelayo, kodwa sithwala isiqiniseko sokuthethelelwa kwezono. Jak. 5:15.

Siyambonga uNkulunkulu ukuthi sinawo kulomhlaba okhathazekile namuhla, amadoda anjengoMfo. Branham, oErickson, oJohn Sproul nabanye uMoya obaphe isiphiwo sokuphulukisa kukaNkulunkulu. UJesu Kristu unguye izolo, namuhla naphakade. Futhi Usakwazi futhi uyathanda ukusiphulukisa njenganenkathi lapho Ayeshumayela iVangeli loMbuso futhi waphulukisa abantu eminyakeni engamakhulu alishumi nesishiyagalolunye eyedlula. Ngambona uJoan Grey, inganyana eyayigula, ngo Agasti 26. Manje seyedlule ezinyangeni ezingama 27 ubudala futhi isinde futhi iphile saka.

Owakho kuKristu Jesu,

G.W. Jones, 705 E. Maple St., Jeffersonville, Ind.

---

Bangane abathandekayo, bakhona abanye abaphulukisiweyo futhi abangathanda ukunikeza ubufakazi babo njengofakazi emandleni kaNkulunkulu kodwa asinaso isikhala sabo ngoba manje kukulencwadi encane nje. Lobubufakazi obunikeziweyo bungukunikhuthaza ukuba nikholwe nguJesu Kristu nokumazi njengomHlengi nomPhilisi wenu.

Abaningi abafunda iBhayibheli bathi, "Ukuba nje ngangiphila esikhathini seBhayibheli, ngangiyoya kuJesu futhi Wayeyongisiza." Mngane, ukhona lapha namhlanje ukuba akusize, unjengoba ayenjalo nje ngalolosuku. Kuphela kholwa uMoya oNgcwele, Ungufakazi kaJesu. Ngiyakucela, khona lapho okhona, Mkholwe, futhi uzophiliswa.

# INTSHUMAYELO

Itekisi yethu itholakala ku Isaya, 53:5.

"Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko, yachotshozwa ngobubi bethu. Isijeziso sasiphezu kwaYo ukuba sibe nokuthula nangemivimbo yayo siphilisiwe thina."

Manje mngane, iBhayibheli lithi, "Ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Futhi siyovuma ukuthi sisenakho ukuthethelelwa kwezono zethu ngokuphalala kwegazi laYo, akunandaba ukuthi senzeni. Ngani na? Ngoba wena uthi, kwakusekubuyisaneni. Kwakungesiyo imivimbo yaYo yokuPhilisa ekubuyisaneni futhi na? Ngakho-ke uma ukubuyisana kokuphiliswa sekulahlekelwe ngamandla akho, kusho ukuthi-ke usesezonweni zakho; ngokubuyisana, ngoba izono zakho zenziwa ngeGazi elifanayo elivela kumuntu ofanayo endaweni efanayo, esikhathini esifanayo, ngosuku olufanayo.

Ngakho kuzofanele uthi kusebenzelana ndawonye kumbe kungenjalo akunamsebenzi.

Qhabo, mngane, ukholwa nguJesu ngokufanayo ngokuphiliswa kwakho njengoba usuke wenza mayelana nezono zakho, nokubuyisana kuyoba nomsebenzi ofanayo. Kuyokusebenzela ngandlela zombili, uma ukholwa ngukuthi kwenzelwa wena kulolusuku kanjalo nakulabo ngalolosuku.

Njengoba nje usuke wehla uya emfuleni ukuba uwele ngesikebhe sokuwelisa, uyababona abanye bewela, pho wena awuweli ngani na? Awuze ungaya kukapteni walesosikebhe bese umbuza ukuthi ngabe isikebhe sizoluthatha uhambo noma qha. Uvele nje ukhokhe imali yakho yokugibela, ugibele uhlale phansi. Kuba ngaleyonkathi ke lapho sekuba kumshayeli ukuba akufikise ngaphesheya komfula.

Kuyindlela efanayo nasekuPhilisweni nguNkulunkulu, ubona abanye bephiliswa futhi ungaphiliswa nawe. Kuphela yana kuJesu.

Imali yokugibela kulendaba ingukukholwa, bese-ke kuba kuJesu ukukuphumelelisa.

O, mfowethu nodadewethu, kholwa nguYe, nawe futhi ungaphiliswa. Usuku lweziMangaliso alukadluli kulabo abakholwa ukuthi alukadluli.

Yini into yokuqala oyaye uyenze uma ulungiselela idili elidlelwa endle na? Uthatha incwadi ephethe izinsuku zonyaka yezintombi ezindala bese uyabheka ukuthi ngabe ngalolosuku incwadi ephethe izinsuku zonyaka ithi liyobe lina yini noma liyobe libalele. Ngakho uyojabula uma ithi libalele. Khona-ke uyothi, "Siyoyihlelela lolosuku ipikiniki." Uyothenga yonke ilantshi yakho bese ulungiselela uphumo ngoba nje i almanaki ithi "libalele."

O, mfowethu nodadewethu, ukholelwa kakhulu kangako kulelo almanaki, yini ungakholwa yiZwi likaNkulunkulu na? Khumbula uNkulunkulu ubelokhu ehlala enabo abanye abakholwayo, yini ungabi ngomunye wabo manje na? Funda u Mark 16 bese ubona ukuthi umyalo wokugcina owanikezwa ibandla wawungukuba kuphulukiswe abagulayo. Wathi "Nalezizibonakaliso ziyobalandela abakholwayo."

Uma ibandla lakho lithi bayakholwa kodwa izibonakaliso azilandeli, ngakho-ke ngokweZwi likaNkulunkulu abakholwa.

Buza omunye namuhla isibonakaliso esihle sekholwa futhi bayokhomba omunye omi kahle emphakathini. Lowo okhokha kahle epuleyitini lokuqoqa umnikelo. O mngane wami, abanye babo abazi lutho ngoNkulunkulu kuneLawu elazi ngobusuku baseGibhithe, futhi abanye babo bayizifundiswa eziqeqeshiwe eziphuma emakolishi futhi. Kodwa akudingekile ukuba ube yisifundiswa ukuze wazi uNkulunkulu. Kodwa ufanele wenze okungaphezulu kuneningi labo, ufanele ukholwe futhi uma uyokholwa izibonakaliso ku Mark 16:17-18 ziyokulandela njengalokhu athi uJesu ziyolandela.

Khumbula ku Mark 16 kuthi shumayela iVangeli kukho konke okudaliweyo. Ungahle uthi, "Mfo. Branham, liyini iVangeli, ukuze sazi ukuthi sinalo noma qha. Ngabe yiZwi na?"

U Pawulu wathi iVangeli lifika kithi hhayi ngezwi kuphela kepha ngaMandla nangesiBonakaliso sikaMoya oNgcwele. Pho-ke awuzukuba naMandla kaMoya oNgcwele ukubonakalisa lezozibonakaliso zika Mark 16 na?

Vula kanye nami ku 2 Thimothi, isaHluko 3 bese sibona ukuthi usho kanjani uMoya oNgcwele ukuthi ngezinsuku zokugcina abantu bayoba nesimo sokukhonza kodwa bayowaphika amandla, futhi abantu abanjalo iBhayibheli lithi wobagwema.

Akusiso yini isibonakaliso leso sokuthi siphila ezinsukwini zokugcina na? Abantu baphika amandla okuphilisa nokukhululeka phaqa ezonweni.

Amabandla abanda hleke isikala-zinga lokushisa emzimbeni sedlula ngamashumi ayisithupha ngaphansi kwezinga-qhwa. Ungeke waba nokunqoba futhi uzame ukuPhulukisa kukaNkulunkulu kanye nokudlala amaphepha nosikilidi. Abanye abantu baya esontweni ngeSonto ekuseni nesikhulu isigazu emlonyeni wabo, bebukeka njengejongosi elinqindwe izimpondo lase Texas. Izwi lisho kithi ukuthi asizihlanze kukho konke ukungcola. O mfowethu, suka ezintweni zakho zezwe ukhonze uNkulunkulu. Khona-ke uyokuvumela ukuba uhambe endleleni yaKhe yobuNgcwele njengalokhu u Isaya 35 isaHluko akhuluma ngayo.

Uma umuntu-mumbe ebengakulethela iphepha lokuthumela imali lama $70,000.00 ubungaqala ukujabula. Uma bengingakubuza ukuthi ubujabuleleni kangaka, ubungaphendula uthi uthole $70,000.00. Ukuba bengingayingabaza ubuyonginikeza iphepha lokuthumela imali. Uma bengingathi bekuyisiqephu nje sephepha sinombhalo kulo ubuyophendula ngokushesha ukuthi bekufanele kubekhona ama $70,000.00 adiphozwe kuHulumeni wase U.S. ngaphambi kokuba kubhalwe i oda nokuthi ngakho-ke uhulumeni uyoyeseka.

Yazi-ke ukuthi u Jakobe 5:14 uthi umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo. Ungahle ukuthi kwakuyiphepha nje libhaliwe. Kodwa mfowethu, lonke iZulu leseka iBhayibheli.

Uma ufunda iZwi laKhe khumbula isethembiso singesakho. Khona-ke qala ujabule futhi ukholwe futhi Uyokuphilisa.

Unguye lowoNkulunkulu namuhla naphakade.

Ameni.

Yakhishwa ngawo 1940. Yaphinde yashicilelwa ngo 1992.

Voice Of God Recordings, *South Africa Office*
P.O. Box 178, Somerset West, 7129 Cape Province, Republic Of South Africa

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.

